

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2018

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela unamakhasi ayi-9.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Omakayo kumele awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo amaphutha uma ekhona.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIYAVUMA/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO nazo azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma eyidwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendlweni yakhe.
7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
Isib: 1.1.5 USizwe/A (okuwuhlamvu oluphelele).

- 1.1 1.1.1 IMount Kilimanjaro.✓ (1)
- 1.1.2 Inkululeko yokungaphathwa amazwe aseNtshonalanga.✓ (1)
- 1.1.3 C✓/Inkululeko.✓ (1)
- 1.1.4 Ukuzilolonga✓/ Ukuba aphile kahle emzimbeni nasemqondweni. ✓✓ (2)
- 1.1.5 Okukodwa kwalokhu:
- Ungafunda ngosikompilo✓/
 - Ulimi✓/
 - Imvelo✓/
 - Umlando wezwe.✓ (1)
- 1.1.6 (i) C✓/Wakhuphuka intaba esemncane kakhulu.✓ (1)
- (ii) D✓/Owokuqala kwabadala ukukhuphuka intaba.✓ (1)
- (iii) B✓/Wathatha isikhathi eside ukufika esicongweni sentaba.✓ (1)
- (iv) A✓/Wakhuphuka intaba ngokushesha kunabo bonke abantu.✓ (1)
- 1.1.7 Okukodwa kwalokhu:
- Kuyasiza ukuphokophela ukwenza into oyifisayo unganaki isimo sakho. ✓✓/
 - Abantu abakhubazekile bangakwazi ukwenza izinto ezenziwa yiwo wonke umuntu. ✓✓/
- (Nokunye okunembayo) (2)
- 1.1.8 Okukodwa kwalokhu:
- Ukuze wazi ngesimo sempilo yakho.✓✓/
 - Ukuze uzilungiselele ngendlela efanele.✓✓/
 - Ukuze uhlole umzimba nomqondo wakho.✓✓/
- (Nokunye okunembayo). (2)
- 1.1.9 Okubili kwalokhu:
- Ukwenza umehluko ezimpilweni zabanye abantu.✓/
 - Ukunikela emakhaya ezintandane nabadala.✓/
 - Ukusiza abakhubazekile.✓/
 - Ukunikelela abafundi ngamabhasari/imifundaze.✓/
 - Ukulwa nokuhlukunyezwa kwabantu nezilwane.✓ (2)
- 1.1.10 (a) Ukusiza✓✓/ukulekelela.✓✓/ ukuxhasa✓✓ (2)
- (b) Ukunganaki✓✓/ukungabi nandaba✓✓/ukuziba.✓✓/ ukuthalalisa✓✓ (2)
- 1.1.11 Izimpendulo ziyokwehluka:
- Isibonelo:
- Ngiyavumelana** ngoba asikho isiqiniseko sokuthi abakhuphuka intaba bazobuya besaphila.✓✓
- NOMA**
- Angivumelani** ngoba ukwenyuka intaba kunemiphumela emihle kwabakhuphukayo nasemiphakathini.✓✓
- (Nokunye okunembayo). (2)

1.1.12 **Yebo** ngoba:

Okukodwa kwalokhu:

- Ukufika kwabantu abavela kwamanye amazwe kungenisa imali. ✓✓
- ITanzania ithola udumo emhlabeni jikelele. ✓✓
- Iheha izivakashi eziningi. ✓✓

NOMA**Cha** ngoba:

Okukodwa kwalokhu:

- Kuhlomula abantu abayingcosana. ✓✓
- Abantu bayafa kakhulu ngokukhuphuka le ntaba.

(Nokunye okunembayo).

(2)

1.2 1.2.1 Ama-18%✓/18%✓/Amaphesenti ayi-18.✓

(1)

1.2.2 I-facebook.✓

(1)

1.2.3 Izimpendulo ziyokwehluka :

Okukodwa kwalokho:

- Abantu abaneminyaka engama-50 kuya kwengama-64 iningi labo liyasebenza✓✓
- Banemali yokuthenga ama-data. ✓✓
- Bakwazi ukuthenga amafoni anazo zonke izinhlobo zokuxhumana. ✓✓
- Bafundiswa izingane zabo ngoba sezikhulile. ✓✓
- Iningi labo linamabhizinisi ngakho-ke bafuna ukuwakhangisa. ✓✓

(Nokunye okunembayo).

(2)

1.2.4 Izimpendulo ziyokwehluka:

Okukodwa kwalokhu:

Yebo ngiyazwelana nabo ngoba:

- Kungenzeka ukuthi nabo bayafisa ukusebenzisa ezinye izindlela kepha bavinjwa isimo semali ngoba iningi labo selihola impesheni. ✓✓
- Kungenzeka ukuthi ukungabi nolwazi ngobuchwepheshe banamuhla. ✓✓

NOMA

Cha angizwelani nabo ngoba:

- Yibona abazithambisayo, abafuni ukuzihlupha ngokufunda ubuchwepheshe banamuhla. ✓✓
- Izingane zabo zingakwazi ukubathengela omakhalekhukhwini besimanje, nabo basebenzise ezinye izindlela eziseqophelweni eliphezulu lokuxhumana. ✓✓

(Nokunye okunembayo)

(2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2****Amaphuzu esingawabheka:**

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU AHUNYUSHIWE
1.	'Emapaki nasemakhaya izimbali ziyatshalwa ukuze uma seziqhakazile zihlobise ngemibala yazo emihle'.	1.	Izimbali zitshalelwa ukuhlobisa amakhaya nezindawo zemiphakathi ukuze zibukeke kahle.
2.	'Kukhona izimbali ezidliwa izinyoni, izilwane kanye nabantu ezinika umsoco wamaprotheni namavithamini'.	2.	Kukhona eziwusizo ngokudla okwakha umzimba kubantu nasezilwaneni.
3.	'Izimpande namahlamvu kusetshenziselwa ukwakha imithi yokwelapha nokuvikela izifo ezahlukeni'.	3.	Izimpande namahlamvu kwenziwa ngakho imithi yokwelapha izifo ezinhlobonhlobo.
4.	'Izimbali ziyasiza ukudlulisa imiyalezo yothando, ukufisela ogulayo ukululama ngokushesha kanye nokududuzana'.	4.	Zidlulisa imiyalezo ehambisana nezimo ezahlukeni njengothando nokunye.
5.	'Ezinye zezinto ezisetshenziselwa zona amakhandlela, insipho, amafutha, izingubo, neziqholo zomzimba'.	5.	Kwakhiwa ngazo imikhiqizo eyahlukeni edingwa ngabantu.
6.	'Ubuhle bezimbali bukhuphula izinga emshadweni, emingcwabeni nakweminye imicimbi enhlobonhlobo egujwayo'.	6.	Ziyasetshenziswa ukuhlobisa emicimbini eminingi ukuze ibe seqophelweni eliphezulu.
7.	'Abantu bavula amabhizinisi okudayisa/ukuthengisa, ukuqashisa nokwenza imihlobiso yezimbali'.	7.	Zivula amathuba emisebenzi kubantu abaningi abangasebenzi.

Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni ngokombuzo.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
- Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
- Isamba samamaki-10.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**

- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
- Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

QAPHELA:

- **Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, funda ugcine emushweni wokugcina ngaphezu kwenani lamagama elibekiwe, ungabe usakunaka okunye okulandelayo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3****Indlela yokumaka ISIQEPHU C**

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**

- Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe noma kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
- Ezimpendulweni ezingumusho ophelele, akube nesijeziso sesipelingi esingesiso uma iphutha lisesakhiweni solimi okuyisona esihlolwayo.
- Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.

- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.

- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 UMhlaba Omusha Rehab.✓ (1)

3.2 3.2.1 Sizokuvumela ukhokhe izinyanga eziyi-6.✓/Siyokuvumela ... ✓/ (1)
Siyakuvumela ... uzokhokha✓/uyokhokha✓

3.2.2 Saguqula impilo yabantu.✓/Sasiguqula ...✓ (1)

3.3 Sinodokotela abangochwepheshe kuyo yonke imikhakha.✓✓ (2)

3.4 C✓/Saka.✓ (1)

3.5 Okukodwa kwalokhu:

- Zikhombisa indlela abantu abafika beyiyona kodwa bagcine sebesizakele, sebethole nokuxoxa nabanye.✓✓/
- Zikhombisa umuntu obambe ikhanda nababambene ngezandla.✓✓/
- Zikhombisa umuntu ogulayo nabajabule. ✓✓ (2)

3.6 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo: **Yebo**, ngoba abanye ababe besaphindela ekuthatheni izidakamizwa.✓✓/

NOMA

Cha, ngoba abanye babuye baphindele ekuzithatheni izidakamizwa.✓✓/ (Nokunye okunembayo).

(2)
[10]

UMBUZO 4

- 4.1 Ukuba nemikhaba/imikhabakazi.✓/Ukuba nezisu ezinkulu.✓/Ukukhuluphala. ✓ (1)
- 4.2 Udla ukudla okukhuluphalisayo/ijanki.✓/Uyadla ngesikhathi sokujima.✓/ Uyishaya indiva imithetho yejimu.✓ (1)
- 4.3 Isikhuliso.✓ (1)
- 4.4 D✓/Ukungayinaki.✓ (1)
- 4.5 Okukodwa kwalokhu:
 • Ayikhethi bulili nabuhlanga.✓✓/
 • Sesibaningi kakhulu esinayo. ✓✓ (2)
- 4.6 Imisho mayikhombe isibindi esiyisitho somzimba somuntu noma sesilwane. Isibonelo: Abafana bosa isibindi senkomo esibayeni.✓✓ (2)
- 4.7 Izimpendulo ziyokwehluka:
 Abesifazane ngoba yibona abakhuluphala kakhulu.✓✓
NOMA
 Abesifazane ngoba yibona abangakuthandi kakhulu ukuba nemikhaba.✓✓
NOMA
 Abesilisa ngoba abakuqikeleli ukuya ejimini nokudla ukudla okwakha kahle imizimba.✓✓
NOMA
 Bobabili abesifazane nabesilisa ngoba imikhaba ayichemi ngokobulili.✓✓
 (Nokunye okunembayo). (2)

[10]**UMBUZO 5**

- 5.1 5.1.1 **Umculi ucele** intsha ukuthi iziphathe kahle.✓✓ (2)
- 5.1.2 Isivumelwano sikamenziwa.✓ (1)
- 5.1.3 Isib.✓ (1)
- 5.1.4 C✓/Indlela esabizo.✓ (1)
- 5.1.5 Impambosi yokwenzana.✓✓/Umqondo wokwenzana.✓✓/Umqondo wokulandelana kwabaculi.✓✓/Umqondo wokuthi bazongena ngokushintshana esiteji.✓✓/ Umqondo wokunikezana ithuba esiteji. ✓✓ (2)
- 5.1.6 Onzima.✓ (1)

- 5.1.7 Abaculi baphisane ngezikibha zikaKhisimusi **ngoba** bafuna/befuna ukukhangisa ngomculo wabo.√√
NOMA
 Abaculi bafuna ukukhangisa ngomculo wabo **ngakho-ke** baphisane ngezikibha zikaKhisimusi.√√
NOMA
 Abaculi bafuna ukukhangisa ngomculo wabo **yingakho** bephisane ngezikibha zikaKhisimusi.√√
 (Nesinye isihlanganiso esinembayo). (2)
- 5.1.8 Umphathiluhlelo uthe kubantu, "Yehlisani umsindo ukuze nizwe iculo".√√/ "Yehlisani umsindo ukuze nizwe iculo" kusho umphathiluhlelo kubantu √√ (2)
- 5.1.9 Izihlwele.√
 Isibonelo: Umfundisi wakhuluma **nezihlwele** ezazibhikisha.√
NOMA
 Intsha√
 Isibonelo: **Intsha** yanamuhla ayisenayo inhlonipho. √ (2)
- 5.2 5.2.1 Ukucwasa ngokweminyaka.√/Ngokobudala.√ (1)
- 5.2.2 Usekhohliwe.√ (1)
- 5.2.3 Kulungile ngizozithengela ibhanoyi ngala masenti engizowathola.√√ (2)
- 5.2.4 Kuphethe mina manje.√√ (2)
- [20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80